



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOLIMO
NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI
UMHLONISHWA UTHEMBA MTHEMBU AYETHULE EMCIMBINI WEMBIZO
YASEBEKHULILE EDINGIDA NGEZINDLELA ZOKULIMA ZESINTU**

INDAWO: KWAMAYE SPORTSFIELD, OKHAHLAMBA

14 MASHI 2019

MPHATHI WOHELO

IMEYA YOMKHANDLU

AMAKHOSI AKHONA

IZIHAMBELI ZALOMCIMBI NGOKWEHLUKANA KWAZO

ABALIMI BALESIFUNDA

Ngaphambi kokuthi ngiqale inkulumo yami ngizocela sike siphakame sithi ukuzotha umzuzwana nje ukuze sikhumbule uBanele noSphelele Mdletshe abaminze emgodini wediphu. Ngifisa ukuqinisa umndeni nezihlobo zalaba bantwana abasishiyile idolu futhi ngifuna bazi ukuthi sinabo emicabangweni yethu nasemithandazweni.

Mphathi woHlelo, kuyintokozo enkulu kimi namuhla ukuba yingxenye yalo mcimbi njengalokhu sizodingida ngomsebenzi engiwuthanda kakhulu.

Nsuku zonke, izinhlobo ngezinhlobo zezimila ezisemqoka ziyanyamalala emhlabeni wonke. Inhlango ebhekele ezolimo nokudla emhlabeni engaphansi kweNhlango yeziZwe i-U.N. Food and Agriculture Organization (FAO) ibike ukuthi cishe amaphesenti angu-75 emithombo yemvelo nezimila ayisekho ishabalele, kanti le nhlangano ibika ukuthi ngo-2025 ingxenye yesithathu yezimila

iyobe isiyashabalala emhlabeni. Njengamanje izithombo noma izimila ezilinganiselwa ku-100 000 zisencupheni enkulu yokushabalala kuwo wonke umhlaba.

Kuyishwa elikhulu ukuthi kulo mkhakha wezolimo kutshalwe izindimbane zemali ekulimeni ukolo, irayisi, nommbila kodwa izitshalo ezaziwayo ukuthi ziwumsinsi wokuzimilela zishaywe indiva okuyinto edabukisayo ngoba lezi zitshalo ziqukethe umsoco omningi esiwudingayo kulesi sikhathi samanje. Izibalo ezibheka ukukhuluphala kwabantu okubangela izifo zikhombisa ukwenyuka ngendlela eyethusayo kuwo wonke umhlaba kule minyaka engamashumi amathathu edlule. Lokhu kwenze ukuthi izifo ezifana noshukela, ukucinana nesifo senhliziyo zadlanga kakhulu emazweni athuthukile nasathuthuka. Ukudla okuningi kwesintu kunomsoco futhi kuyakwazi ukumelana nokuguquka kwesimo sezulu, ngaleyo ndlela lokhu kudla akulula ukuthi kuphele. Lokhu kudla kwenza abantu babe yimiqemane futhi nabantu abakulimayo benza inzuzo enhle.

Bakwethu, kungumsebenzi wethu ukuthi siqikelele ukuthi lokhu kudla kuhlale kukhona ukuze sikugcinele izizukulwane zethu. Lapha eNingizimu Afrika sinenhlanhla enkulu ngoba lokhu kudla kukhona futhi kuningi ngakho-ke okwethu njengoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya ukuba sikugcine kukhona ngaso sonke isikhathi futhi sibafundise abantu bakithi ukuthi kuphekwa kanjani njengoba nokhokho bethu babekupheka.

Ukulondolozwa kwalolu hlobo lokudla nendlela yokukulima yinto ebaluleke kakhulu, ikakhulukazi njengoba sibona ukuthi isimo sezulu sesiguquke ngamandla kulezi zinsuku zanamuhla. Ukutshala ukudla kwesintu kuhle ngoba kuyakwazi ukumelana nokushitsha kwesimo sezulu esikubonayo futhi akugcini lapho njengalokhu kutholakala kalula, akubizi nhlobo, kunomsoco omningi futhi okusemqoka nakakhulu ukuthi kutshalwa ngendlela engeyemvelo, hhayi lokhu kufakwa kwamakhemikhali osekudlangile emhlabeni.

Ekuqaleni abantu babekha imifino nembuya endaweni evundile kuzimilela khona. Kodwa namuhla imbuya nemifino yezintanga abantu sebeyakutshala. Umqondo wokuthi lokhu kudla kutshalwe kwaba yisu lokuthi kuqikelelwe ukuthi kuyalondolozeka ukuze abantu bangabulawa yindlala nokungondleki; ngenxa yokuba khona kwalokhu kudla abantu bayavikeleka ezifweni ezifana noshukela, ukuba ntekenteke komzimba kanye nasezifweni ezibucayi ezingelapheki njengekhensa, ihayihayi nezifo zenhliziyo namehlo. Kuyadabukisa ukuthi muva nje abantu abaningi abasayifuni imifino nokudla kwesintu ngoba bezitshela ukuthi

kuhambisana nokuhlupheka futhi kubenza behlelwe yizinga. Kuyajabulisa ukuthi imikhankaso yokugqogqezela abantu ukuthi babuyele kulokhu kudla ithela izithelo njengalokhu abantu abadla izambane limpondo sebeqalile ukubuyela kulokhu kudla ngenxa yokuthi sebezahlelwe kahle ngobumqoka kwakho. .

Nazi ezinye zezinzuzo zokutshala lokhu kudla:

- Akudingeki umanyolo omningi ukukutshala – kusebenzisa amanzi amancane kakhulu kunokudla okweningi 'kwesilungu'.
- Kugcwele umsoco – kunikeza izakha mzimba namandla.
- Kuyakwazi ukumelana nesomiso, isihlava nezifo.

Imbumba idliwa ezizweni eziningi e-Afrika kanti yadabuka maphakathi nalo leli zwekazi. Iyithombo sasendulo futhi iyakwazi ukumelana nesomiso kanti ayikhethe Mhlaba njengalokhu imila ngisho emhlabathini oyisigqala. Amacembe ayo ayadliwa futhi nawo umuntu uyawapheka abe ukudla okumnandi impela nje.

Thina njengoMnyango sithanda ukuba silituse kakhulu ulwazi esiluchathekelwe yilabo asebekhulile abazi kabanzi ngalezi zitshalo futhi siyathanda ukuthi baqashelwe ngolwazi lwabo. Yingalesi sizathu ngifisa ukuthatha leli thuba ngibonge uNkosazana Mdluli oqhamuka enhlanganweni uThando lweNhlabane Cooperative olima umhlabathi ngegeja osekwaze ukutshala ummbila, ubhontshisi kanjalo nezihlahla zezithelo. Siyazi ukuthi akuyena yedwa uNkosazana Mdluli olimayo kule ndawo yasoKhahlamba, kodwa kuso sonke isiFundazwe saKwaZulu-Natali baningi abantu abalima ngendlela ayisebenzisayo futhi sinxusa bonke abalimi ukuthi bafundise nabanye ngalezi zindlela zokulima.

Okusikhathaza kakhulu ngokudla kwesintu ukuthi:

- Ulwazi lokulima lokhu kudla alukafinyeleli etsheni ngenxa yezimo zokushitsha kwenhlalo yabantu nokwenza nakuba lezi zitshalo zisemqoka kakhulu.
- Ukuwohloka kwemithombo yemvelo kanye nokwanda kwabantu ezindaweni ezilungele ukulima kube nomthelela ekuncipheni kokulima lokhu kudla.
- Kufanele kubhekwe ngeso elibanzi ukulinywa kwalezi zitshalo zesintu ngoba kukhuphula umthamo wokudla okukhiqizwa ezweni. Lokhu kudla kungondla imizi futhi kuze kundayiswe ngisho nakwabanye abantu. Kungakhiwa ngisho neminye imikhiqizo esuselwa kukho lokhu kudla.

Indawo yasoKhahlamba ingezinye zalezo eziye zakhinyabezwa kakhulu yisomiso. Lokhu kwenza kwabambezeleka ukutshala, ngakho-ke isifunda sizobe sizongenela umkhankaso wokutshala lezi zitshalo ikakhulukazi lezo ezikwazi ukumelana nesimo sesomiso njengezitshalo zesintu.

UMnyango usohlelweni lokukhipha uhlu lwazo zonke izitshalo okufanele kugxilwe kuzo kuhlenganisa nezithelo. Kulezi zitshalo singaba eseMoringa, uMkhanyakude, Amaganu, Imbuya, Izindlubu, Imbumba nokunye.

Ukuhlangana kwethu namuhla kuyingxenye yochungechunge lwemibuthano lapho uMnyango usembhidlangweni wokugqugquzela isizwe sakithi ukuthi sikunake lokhu kudla ukuze sihlale singesiphilile futhi kwande izinsuku zokuphila emhlabeni kubantu bakithi. Uphiko lwezocwaningo olungaphansi koMnyango seluvele luqalile ukwenza ucwaningo mayelana nokuthi ungathuthukiswa kanjani umkhiqizo walokhu kudla futhi kuyabhekwa nokuthi izithombo zingakhiwa zibe ziningi ngayiphi indlela. Esikufunayo ukuthi abalkimi asebekhulule bakwazi ukucobelelana ngolwazi nentsha enogqozi ukuthi kube yinto yezizukulwanelokhu kudla.

Mphathi woHlelo sengiphetha, **“Ukushabalala kokudla kwesintu kuwukufa kwesizwe... ngokomzimba nangokwesiko. Singakwazi futhi kufanele sizimisele ukuvikela okungokwethu ukuze sibuyele ekubeni namandla nomsoco, sibe yimiqemane njengogogo nomkhulu bethu.”**

Ngakho-ke sonke esibuthene lapha namuhla sinomthwalo olula nje wokuba siqinisekise ukuthi ukudla kwethu kwesintu asikulahli nangengozi ukuze sibe yisiFundazwe esinempilo nokudla okuningi.

Ngiyabonga.